hlabana, banga biko aba ~~z~~ 'ibonayo impi yake. Li ya mlahl' icala -

(margin: lost in the battle)

6.8.08.

35 | item 9 | 23-36.

ngokuti ugamb' amanga ~~ab~~ ababevel' abantu aba bona kahle ukuti 'bal' uhlabene.

Inkosi leyo ke ikon' izo xotshis' amagawe, kanye nezinduna nabanumzana. Impi njalo, abaningo bazi tola ngamanga, ngob' abaningi abant' abakulu ku hlabana abafokazana bake, kuza uti lapa i se fika inkosini, umpo abese yi xoxa nga manga, esedhl' impi ya bafokazana bake, esot' eyake. Eseti 'Ngadhla umhlanganiso, lapa ya qateka kona, se ngi gwaza esihlangwini (esetsh' umbala-esitile), njengokubana imibala yezinkomo pela miningi. Useti-ke ngadhl' umfokazana owaye pete

isihlangu zesimbala o ukuti, nga-
pinda futi nga kwela ko munye,
nga mlahla pansi. Yi suka. Sa se
si yi gwaz' ibece. Se si muka nayo
njalo, nkosi." So ku vel' abanye
abakulu njengaye, sebeti "Yebo,
nkosi, ugqinisil' ubani. Nati sa si
bona." Se be catsh' ukupela lababa-
-fokazana, kwazisa futi bona
inkosi kazi bazi, bahamba nga
seinuva, emkunjini; ba ngabiko
nga sebuswini bwenkosi. Kodwa
'nra se ku nga seziteni baba
ngapambili, ngoba bezw' inkosi,
lap' impi i yi pakayo iti "nom fo-ka-
-zana a nga hlabana ngi yaku
m akel' umuzi, a vez' igama lake,
namanje li pakame, li dume,
ngoba wazi veza ngezikali. Abanye
ba catshiswe njalo o yise babo-

Omunye Kant'u nedhlozi, impi yake ba yi dumise, inkos'izwe ukuti 'Wo! igawe', 'bab' umkulise, njengo-kutsho kwazo, iti "Nans' intando na niti ngi ya ńala, ngi ya uńakele imizi, abemkulu naze az'aba funzanise bon'abakulu a bese bemtshiyile. Kuti lomnumzana odhl'impi ya bantu bake a catsh'ukupela, ingant'inkos'i bi ngeko, i nga boni; itshelwa a be bekona. Kwazisa abanye abantu ba ya be saba lab'aba-futshanzana, be sab'uyise wabo, bemhlonipa kakulu, Keti ngoza ngi vezwe uyena enkosini. Abanye ka ba nanhloni, kut'a nga boni impi yake ukuti Ha! kant'impi yami baza yi gqiba a ngaz' a sabi a giye a qonde ku yo ń'inkosi.

akulum'akal'izinzembeze, aba-
-dabuleingi, bon'abakulu, ingamti
ube ngasemuva, eseyofika-
Kona ebusuweni be nKosi. Abe
se yi xoxa ati "Ngahle ngati,
endaweni etile, mfo wakona,
owazepet'isihlangu esitile, nga
kwela pezu kwake ngamlahla
pansi, ngasengi kwela komunye
ngimlahla pansi." Sez'imkuza
izinduna lezi, zi mtshaza zi
mbuyisel'emuva. InKosi Kanti
i wa bambil'amazwi. Isi Kuza
kulab'abamtshazayo abati Ka
buyel'emuva, ngoba be tand'uku-
mgxiba. Isiti izincekwini "Ake
nimbize, a pumele ngapambili."
Zimtshaza njal'izinduna naze
Ka vami, ne nKos'iyambona ukuli-
ngimile lomfokazana wami.

Uti "Kwati ngoba so ka fikw' enkosini nasi buyisela nga semuva na? ingauti lapa' ezitemi na itun'z be zi nga pambili na? Ikona-ke e se yi xoxa-ke naye, e se xoxa konk' ukwenza kwake. U se bal' abant' a ye ba bona, bakubo, lapa' enze njalo, nabanye a bo bona be gwaze. Uti "Ingauti na endaweni etile na, nga bon' ubani na, kanye nobani na, kanye nobani na? Umuntu wami e ngamgwaze endaweni etile na? Kwahlomul' ubani na, endaweni etile futi kwa hlomul' ubani? Se ku tule kute nya! be mlalele, se kutiwa aba vele labo. Se be tata njalo njengaloku kade landa, se be m vamela, be ti "Na manje sa bona". Inkos' isiti "Kanti ni ggibe

amagaw'ami na. I si m bonga nge zibongo. Isiti "Dhlala bani. Isiti Ngozwil' umpi yako, i dumile. Abanye be sab'ukwenze njalo. Icatsh' ukupela, ingante uhlabene kakulu. Idhliwe abanye nje, a ya pucuza abanye njeng' enzamazane, kon'omeny' ingante u yi hlabe kugala i si hlatshwa abanye kamuva baye yi bulala se be pika se beti eyabo. Noko e se komb' umkontowake, u ne gazi. Bati "uhlab' enye ya baleka, hamb'u yi fune. Eyetu le." Ba yi dhl' ukupela.

Inkosi i si yi zwile, ye yizwa ya yizwa umpi, i si ba xotshis' izinkomo, i bakel' umize uka-bakel' umizi, uka ba xotsh' izinkomo. Pela izinkomo zi za kwanda

Kwazisa ukuti lapʼ esegana u
zo tatʼ abafazʼ abaningi. Ziti ku-
-ǵala kwa ku nga lotsholwa ka
kulu. Abesʼ akʼ umuzʼ omkulu
njalo.

Na ngomuso ~~ewo~~ i yo pindʼ apume.
A hlabane futi, a pindʼ a tolʼ ezinye.
U se pakʼ umuzʼ omkulu. U seti
lapʼ eseseʼ indaba, ati. Lo muzi wamʼ
o ngaka nga u tola ngesihlangu,
nga hlabanelʼ inkosi, inkosi ya
ngi bona ukuba ngi ya tukutela.

Kunjalonjalo-ke lapʼ inkosʼ i bi
yo bulala kona ku fike kwa panga
kwa pangwʼ isifazane pa kona na
mantombazana & nezingane nezaba-
bafana, ku sindʼ a bacotshile. I
lo~~ya~~wo muntu u zi pangele, abantu
bake, u zi tolele, a sibonʼ a be nkosi
yake. Okuba o kwi nkosi, isigodhlo.

Sekuti abafazi a ba tandayo a benz'
abafazi bake. Abanye ke a ba ganisele
naku bafowabo, abahlupekayo –
Nase zintombini a nga gcaniwe onina,
a zi tandayo, a zenz' abafazi bake.
Ezinye a zi ganisel' abantu, ba m
lobolele izinkomo, zidhliwe u yena,
ngoba abantu bakebe si hlangu,
ba mandhla. Abanye ku vel' izihlobo
zabo zi zo ba kipa ngezinkomo,
umunt' emunye inkomo, a badedeleke,
ngoba umteto wa kiti nok' umuntu
epangiwe nge sihlangu, isihlobo
sake si ya simkipe ngezinkomo.
Futi ~~[illegible]~~ ke lab' abafazi a ba ganisel'
abafowabo abahlupekayo ba
zalele yena, kube abantu bake
be sihlangu. Kunjalo, ngoba nenzi
impi ~~into~~ epumayo futi ~~kuba njalo~~
kuba njalo ukwenza kwako.

Ngoba lenkosi e ya hlule le, ku nga buye ku vel'enye inkosi e o lunye uhlo-
-bo onge lona uhlobo lwa ko le nkosi a yahlulileyo, ko lunye nje, nalo lu vele lumngema, lu mahlule. Kanti naye wa hlule lo nje bakona aba namandhla ngapezulu kwake, Iuli impi ya bant'abamnyama i bi lwa ngo buzile, bo ku zamana. Inganti impi i ngenise lapa nje, izinsaba be se zi pambili, zi ya pambana. Zit' ezinye zi buya, ezinye be ziya pambili. Iyoti i ngazi bona impi ya ~~le~~ lab'~~af~~abafo a baya ku bona abayo kulwa nabo, zi yi bone qed' izinsaba, (izinsaba njalo igama lazo elinye izinhloli) be se zi buya zi za ukutoho kwezu kub'inkosi. Ngoba fut'enye

inkosi i bi ngay'empini, impi yake ipatiwe izindana. u Tshaka yedwa obe zi hlaselela, ngobolwake. Amany'amakosi impi a bezi nik'izindruna. uTshaka yena waze bona namagwala, namaqawe, ngoba yena wa ye suko'ezibonel'e kona. Amakosi lawa, abant'aba-mnyama lokw a dabuka ekumileni ezinhlangeni zabo, a yiko e yaya hlul'amange kwa ku ubudepudepunje. Kube lezo ya hlule le, nayo kuse yahlulwe i le. Ngob'impi yetu tina bant'abanmyama ayi tshelani, i ya zumana, i ya catshelana i tand' ukuyo vimbezela. Ut i nga bonewa izinhloli× e seyi neamisa eyi neamisa, i si suka kon' abasuka, isi sondezela i si yenz' ukubana i ba vimbezel'ekuseni

× imnikazijo

ukwanyisa kwomtini, ngesikati
salapa kwohl' izinkuku. Abanye
kon' ibajumile, kanti nabo ba
ginile, ilwe kube nje, zi pambani
izihlangu zamadoda, kupambane
amakanda amadoda, kube owa
ngalapa a ze beke pambili, no
wa nga lapa kule nkosi a balwa
nabo a se beke ngalaps' eyapamb-
-ili. Kon' e be se gwaze kakulu a
fike kwabanye ba megwaze ba
mbulale. Kube njalo izindawo
zombili, kwazise abantu balwa
ngomkonto, ba gudhlan' eduze
izihlangu zi gudhlane ngoboya.
Bati noba be ba xotsha, ba ba
xotshe nabo befe kakulu, izi-
-dumbu zi lingana. Kodwa,
ababalekileyo zege kakulu,
ngob' ezinye se be ba gwaza be

fulatele, se be baleka. Kutiwe-ke "i
yi susele". Kweny' indawo ku pele
won' amagawe, a be hlabene nga
izolo, a sal' amanye, a sinde amanye
a many' afe. Abanye kanti ba ba
vimbezela nje ba se ngabeni, kanti
ingaba imbi. Kanti lab' ababefikayo
abazazi kahl' ingaba, ~~lo~~ ingaba yo
zizwe. Abanikazi yo ba waz' onk'
amasango, ba vimbe ku won' onk'
amasango, ba ba bulise ngasend-
-awen' embi. Baba gwaze ba ba
gotulo. Kweny' indawo ba bulawe
nje bon' abanikazi ingaba. Ngob'
enye inkosi ehlakanipileyo i biti
ezindimeni "Abantu bami kuma
amankengane ese sengabeni ni
ngazi, ingaba imbi, funa nife
ni pele. Ano bazela be sobala,
be ngak' engabeni." Abanye ba

nga Katali, ba ngene nje koni engabeni.
Abanye ba eupe ngezinkomo, impi
bayi tukuse, bayi vez' ibe ingcosana
ba 'bek' izinkom' obala. Ibi si
Kangwa izinkomo, it' i ya udhl'
izinkomo, kant' abanikazizo
se be benge bayi 'beka kahle impi
yabo. Iti lapa i sedhl' izinkomo
i vuke. Ibaguwaze! i ba
lahlise zoni izinkomo; i ba cete.
Kut' enye impi, yezinduna ezihlaka-
-nipileyo zit' "Musani uku
Kangwa izinkomo, zinkomo zine
ngozi".
Amaswazi abe tiy' uZulu nge
zingaba, kwaze kwa fik' ama-
Ngisi, no Tshaka' e nga bonang'
az' a ngen' engabeni ka ~~Msebaji~~ Sobuza,
no Dingane no Mpande.
. uHamu ka Mpande waba tiya nge

ngaba yak' ɛNgoje, ɛ tiya Usulu, lu
ka Cetshwayo.

---

<u>Fable.</u> – (Socwatsha's version of
King Solomon's <u>famous judgment</u>). –
Kwa fika kwa mit' abafazi ababili;
ba zala langa linye, izingane e
za bafana zombili. Ba lala ndhlin'
inye. Ingane wayi cindezela nge
bele, ingane ya fa. Wa yi sate ha!
ingane isi file! ngi lale pezu kwayo,
ibele la yenz' isamuku. Wezwa
lo a ~~ule~~ lele naye ukuti u ya rong',
ulele, waye se tata le ngan' ɛfileyo
ɛ se mambul' ingubo, ɛ seyi faka
kuyena, ɛ se tata le ɛzwayo, ɛ se
lala nayo kuyena. Se kusa (be
se ku sedwe' ukusa) ɛ se papama
lo o be lele. ~~A~~ ~~Usesti~~ U se tat' ingane
u ti u ya yi ncelis' ɛbeleni u seti
Ha! ingane i si file, u set' u ya yi